Isicelo sezizathu

Siyini isicelo sezizathu?

Lapho umkhokhintela enesikhalazo ngohlolo noma ngesinqumo esithathwe uSARS futhi uma kungukuthi izizathu ezibekiwe ngokuhlolwa noma ngesinqumo azimenelisi umkhokhintela ukuze aqonde ukuthi kungani ukuhlolwa/isinqumo sinjalo futhi ezokwazi ukuphikisa, umkhokhintela unalo ilungelo lokucela izizathu kwabakwaSARS.

Ngingazicela kanjani izizathu?

Isicelo sezizathu kumele:

- Senziwe efomini elibekiwe nangendlela ebekiwe;
- Sicacise ikheli lapho umkhokhintela ezothunyelelwa khona izizathu; futhi
- Sithunyelwa kwaSARS ezinsukwini ezingama-30 kusukela ngosuku lokuhlolwa/kosuku okwathathwa ngalo isinqumo.

Zimbili izinto ongakhetha kuzo:

- Isicelo sezizathu zokuhlolwa esenziwe nge-elekthronikhi: Abakwa-SARS sebeqalise inqubo yokuCela Izizathu nge-elekthronikhi okungenziwa nge-eFiling nasemagatsheni akwaSARS ngeNtelangeniso lomuntu-siqu (PIT), iNtelangeniso Yenkampani (CIT) kanye neNtelantengo (VAT).
- Isicelo sezizathu zokuhlolwa noma zesinqumo esithathiwe esithunyelwe ngesandla: Inqubo eyenziwa ngesandla yokuCela izizathu noma izinqumo ezithathiwe sikhona kuzo zonke izintelo noma izinqumo ezithathiwe. Umkhokhintela kumele athumele incwadi echaza isicelo futhi alandele zonke izidingo ezibalulwe ngenhla. Isicelo kumele sithunyelwe ngeposi, siyiswe egatsheni lakwaSARS noma sithunyelwe nge-imeyili kwaSARS.

Kunini lapho ngingacela khona izizathu?

Isicelo sezizathu singathunyelelwa lokhu:

- Izinto ezidinga ukuhlolwa – lapho uhlolo lokuqala, ukuqinisekiswa noma ukucwaningwa kwamabhuku okuphothulwe uSARS kuholele ekubeni khona kwesaziso sokuhlola (isib. ITA34/VAT217/EMP217);
- Izinto ze-akhawunti – lapho isicelo sokuXolelwa i-Request for Remission (RFR) kwezinto ezithinta i-akhawunti sesiphothuliwe kwaba nomphumela wokuthi sinqatshiwe noma zivunyelwe kodwa hhayi ngokuphelele.
- Izinqumo – lapho isinqumo sathathwa uSARS.

Isungqangi: lapho inqubo yeSicelo sezizathu isetshenziselwa esinye isizathu ngaphandle kwalesi esichazwe ngenhla, Isicelo sezizathu sizochithwa/ngeke samukelwe.

Lapho umkhokhintela efuna ukulungisa iphutha kuhlolo lokuqala noma ngesikhathi sokuqinisekiswa, kumele kusetshenziswe indawo yeSicelo sokuLungisa i-Request for

Correction (RFC). Naziphi ezinye izicelo zokwelulekwa, izikhalazo noma zokulandelela izimali ezingakakhokhwa ezibuyela abakhokhintela, lokho kumele kubhekiswe e-Contact Centre.

Ngabe isikhathi okumele kufakwe ngaso isicelo sokuphikisa sizokwelulwa?

Uma sekuqinisekisiwe ukuthi kukhona Isicelo Sezizathu ngezinto zokuhlola esithunyelwe, isikhathi okumele kufakwe ngaso ukuphikisa sizozilulekela ngenxa yesikhathi esivunyelwa Imithetho Yokuxazulula Izikhalazo.

Ngabe udinga usizo?

- Shayela iSARS Contact Centre kule nombolo 0800 00 SARS (7277)
- Vakashela igatsha lakwaSARS eliseduze nawe. Khumbula ukubeka usuku lokuya khona.